


IZENZO ZIKAMOYA ONGCWELE

 . . .nxazonke ebandleni. Sisanda kuba nenkonzo yomngcwabo, namhlanje ntambama, sinenye ekuseni. Ngakho-ke ngathi, “Ake sithi nyelele sehlele ebandleni, masinyane impela manje, ukuze singaphuthelwa noma iyiphi yenkonzo.”

² Futhi bengingazi ukuthi uMfowethu Neville ubezothi, “Khuphukela lapha futhi ukhulume kancanyana.” Kodwa ngijabule kakhulu ngethuba lokuthola ukunibingelela futhi eGameni leNkosi uJesus, ngenxa yothando lwaKhe nesihe, nomusa, kithi sonke; nakumfowethu lapha, umelusi.

³ Niyazi, uMfowethu Neville wehluke kancane kubefundisi abayingqaba. Bavele . . .lapho umfundisi, uma enikela ngepulpiti lakhe, lokho kukhulu kakhulu kuye. Awuqondi nje ukuthi kuyini. Kodwa, uMfowethu Neville ubelokhu enothando kakhulu futhi ecabangela ukuhlala njalo enikela ngepulpiti lakhe lapho ngingena. Futhi uthi, “Mfowethu Bill . . .” Futhi hhayi kuphela ukukubuza uma ufuna; ukuthi ukukuncenga ukuthi uze, uyazi. Futhi kukwenza uzizwe wamukeleke kabili. Futhi ngijabula kakhulu ngalokho, niyabo. Awukwazi nje ukwenqaba noma ngubani, kanjalo. Banomusa kakhulu futhi banomoya omuhle, ngaleyo ndlela.

⁴ Ngimuzwe ethi ingane yakhe encane ibiphalaza futhi iyagula. Futhi ngi . . .UMfowethu Junior, ngikhulwa ukuthi bekuyingane yakhe engiyizwe ikhwehlela emuva lapho, emizuzwini embalwa edlule. Ngabe ingane yakho leyo, Junior, ebikhwehlela na? Nemikhuhlane eminingi nezinto eziqhube kayo. Sizoba nomkhuleko wabagulayo, kancanyanyana nje.

⁵ Manje, ngizoqala nje lapho engishiye khona kulokhu ukusa khona-ke, ngale esahlukweni se 4 seZenzo. Futhi ngakho-ke . . .Futhi ngiqale, ngiyakholwa, ngasevesini le 10 lesahluko se 4 se—seZenzo zabaphostoli, kumbe, izenzo zikaMoya oNgcwele kubaphostoli. Niyabo? Sihlala sicabanga ukuthi, sibiza lokho, “IZenzo zabaphostoli.” Kodwa kwakungezona izenzo zabaphostoli. KwakunguMoya oNgcwele kubaphostoli, wenza, niyabo. Amadoda, ngokwawo, ayengamadoda, futhi ayengakwazi ukwenza. Ngaphambi kokuthi ngiqhubeke . . .

⁶ Bengihlezi emuva noMfowethu Wood, emizuzwaneni embalwa nje edlule. Nomfo omncane othize, osebe khona ebandleni lapha isikhathi eside, uhlale efuna ukuthola indawo yakhe. Ngikhulwa ukuthi bengingamtshela, uma nje engakwenza. Kungukucula. Mfowethu Temple, u—ungahle wenze into eyodwa nenye, kodwa ungunqulu onekhono.

Ngakho-ke impela ngi—ngiyakuthakasela lokho. Futhi uma nje uzikhulula, ekuculeni, uNkulunkulu uyokusebenzisa. Kodwa wena—wena u...?...phezu kwakho konke okunye kodwa into efanele. Ngena ekuculeni. Lilapho ithalente lakho. Ufanele ukusebenzise lokho. Kuyamangalisa. Ngiyakuthanda lokho kucula kwakudala, anikuthandi nina na? Yebo, mnumzane. Ukuzwa lokho, emuva le kanjalo, ngiyakuthanda lokho, Mfowethu Neville. Impela ngiyakuthanda. Okokuqala . . .

⁷ Ngiyakujabulela ukushumayela kukaMfowethu Neville nakho konke. Futhi ngiyakuthokozela ngempela lokho kucula okuyimfashini endala lokho yena nodade abakwenzayo, futhi, o—ohlelweni lomsakazo. Uma nonke ningakaze nibeze namanje, abaningi benu, ngani, vulani njalo ngoMgqibelo ekuseni futhi nibalalele, futhi ngokuqinisekile nizobusiswa. Ngani, umkami nezinganyana, nawo wonke umuntu, ulubhekile lolohlelo, kube sengathi nje bengizoba sezansi lapho qobo lwami, futhi ngangisezansi lapho, omunye wa—athandekayo emndenini. Sibheke ngabomvu kulelo pulpiti, noma lolohlelo, ngoMgqibelo ekuseni, futhi sijabula kakhulu ngalo.

⁸ Niyazi, kulokhu ukusa kube nento ethize eyenzekile lapha engi—ngingikwazi ukudlula kuyo okwamanje, kwakulokho mayelana naleyongane. Ngaba nomuzwa ongaqondakali kakhulu ngalokho. Futhi ngiyazibuza nje. Ngesikhathi ngivuka kulokhu ukusa, ngibuke unkosikazi ngase ngithi, “S’thandwa, kuphakathi kokuthi ngi—ngibe nephupho noma umbono. Futhi ngi,” ngathi, “ngi—angeke ngisho ukuthi kwakungumbono, ngoba kungenzeka ukuthi bengilele. Kodwa,” ngathi, “kungokwangempela kakhulu! Futhi bengihlezi phezulu lapho ekamelweni lapho kuphela.” Ngathi, “Angikhumbuli, nokho, lapho ngivuka ukuba... embonweni, ngenkathi kungishaya.”

⁹ Kodwa ngenkathi ngifika ezansi lapha, khona...futhi ngibone zonke lezozinto zihamba ngendlela nje. Futhi ngangifonele uDadewethu Cox futhi ngamtshela, ezinsukwini ezimbalwa ezedule, mayelana nengane yalolohlobo olufanayo. Futhi lokho kufanele ukuthi bekuyingane. Nomfo omncane, amehlo ayo adliwa umdlavuzwa. Iso layo elincane, lapha, selivele lihambile, negobolondo nje linamatehe lapho. Sekwedlulele kwelinye iso, futhi ingane ilele nje ingesenakuphila. Nodokotela ohlinzayo odumile eLouisville, watshela umama ukuba ayilethe lapha kimi, ukuba ikhulekelwe. Ngakho-ke lokho kungukuthi...Futhi ngakho-ke konke...Ngiyakholwa nje ukuthi uNkulunkulu wayethola...wayenikeze umbono waleyongane. Futhi impela nje njengoba ngikhulwa ukuthi ngimi kulomsamo, kulobubusuku, leyongane iphulukisiwe. Yebo, mnumzane. Mina nje...Angivamile kakhulu, Mfowethu Cox, ukuba ngizixake ezintweni zalolo hlobo.

¹⁰ Manje, ngakwenza ngesinye isikhathi, angikwazanga nje ukukucacisa ngoMfowethu George Wright, ngenkathi nginga . . . UMfowethu McDowell wayengibizele phezulu, ukuba—ukuba ngiye emsebenzini wakhe, noma umama kaCharlie phezulu lapho. Futhi wayelele esibhedlela engesenakuphila, cishe impela. Futhi uMfowethu Mack wayefuna ngihambe, ngakho-ke nge—ngenyuka ukuyobona ingane. Futhi ngangikade ngisezansi kwaMfowethu George izinsuku ezine. Futhi ngangimthanda. Kodwa ngenhliziyo yami yonke ngikholwa ukuthi wayehamba. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi wayefa. Futhi odokotela, “Alikho ithuba kuye.” Amahlule egazi aya enhliziyweni yakhe, ngakho kwakungekho okwakungenziwa.

¹¹ UNkk. Wright, ehlezi lapha, udadewethu, wabuza ukuthi ngangicabangani ngakho. Ngemva kwezinsuku ezine zokumkhulekela, ngathi, “Ngikholwa ukuthi akasekho.”

¹² Futhi u-Edith omncane wangibuza ngakho. Bengingeke ngimtshele. Ngathi, “O . . .” Kodwa wayesalokhu enokukholwa. Wakholwa. Wabambelela. Futhi mina . . .

¹³ UMfowethu Shelby uhlezi emuva lapho, sengathi nje ubengumfowethu wegazi uqobo. Wahlangana nami phandle lapho, wathi, “Ucabangani ngobabayi na?”

¹⁴ Ngathi, “Shelby, ngikholwa ngempela ukuthi uyahamba.” Ngathi, “Ngikholwa ukuthi uya—uyasuka kithi.” Ngathi, “Awu, yena useneminyaka engamashumi ayisikhombisa nantathu ubudala, futhi usiphilile isikhathi sakhe saphela. Futhi uNkulunkulu wamethembisa kuphela amashumi ayisikhombisa.” Ngathi, “Ngikholwa ukuthi usehambile.”

¹⁵ Futhi ngalobobusuku ngenkathi ngifika ekhaya ngivela ezansi lapho, uMfowethu Mack wayephikelela nje ukuthi ngifanele ngenyukele lapho. Futhi uCharlie washayela wangiyisa phezulu lapho, le . . . Wafika phezulu lapho, futhi akazange abuye kwaze kwaba sebusuku kakhulu, noma ekuseni kakhulu. Futhi ngavele ngahamba futhi ngakhulekela owesifazane, yikho konke engangakwenza.

¹⁶ Futhi lapho ngifika ekhaya, ngangena ekamelweni, futhi ngakhumula futhi ngalungiselela ukulala. Futhi lapho ngenzile, ngezwa othile ekhuluma. Ngabuka laphaya, futhi kwakukhona owesifazane osempunga. Futhi wayemi ekhishini, ekhuluma nomuntu ocingweni. Futhi kwenzeka ukuba kube, kwakungumama walowomfana. Kunjalo. Futhi ngi . . .

¹⁷ Ngabe sengibona i—isihlahla somnyezane esidala eduze kwendlu kaMfowethu George, futhi ngabona amagabade ewa, odaka noma inhlabathi eyomile, okubukeka njengobumba. Futhi kwakuyinhlabathi eyomile, futhi kwakuwudaka. Futhi Wathi kwakuyi “thuna.” Okuthile ngethuna, “Futhi mayelana nabaningi balabo ababemhleka, babeyobe besethuneni labo ngaphambi kwakhe,” noma into ethile enjalo. Futhi

angizange ngikufonde kahle nje. Ngakho-ke, masinya, ngathola uDadewethu Wright, ngase ngimfonela futhi ngamtshela (uDadewethu Wright, ngikholwa ukuthi kwakunguye) ukuthi angizange ngiwuthole nje umbono ukuthi kwawuyini.

¹⁸ Noma kunjalo, lo mama kaCharlie waya ekhaya, futhi wayesekhaya futhi wakhuluma ncingo, nakho konke njengoba nje umbono washo. Ngicabanga ukuthi usehambile manje. Kodwa, waya ekhaya njengoba nje kwashiwo, ngenkathi bethi wayengeke akwazi ngisho ukuphila kuze kube sekuseni; kodwa waphila. Manje, futhi lokho kwakumayelana noNkulunkulu esazisa ukuthi Wayewuphendulile umkhuleko wethu.

¹⁹ Omunye wabuza, ngolunye usuku, noma kuphakathi kokuthi i—indoda esanda kubhala incwadi, yathi, “Indoda eyayinenkinga yendlala, futhi” wathi, “yaphulukiswa. Futhi ngemva konyaka, wathi yayigula futhi.”

²⁰ Ngani, ngokuphelele. Ungaphulukiswa kulobubusuku, futhi ugule futhi ekuseni, ngento efanayo. Ungaba yisoni kulobubusuku, futhi i... Ungaba yisoni kulobubusuku, nomKristu ekuseni. Ungaba ngumKristu kulobubusuku, nesoni ekuseni. Impela.

²¹ Udokotela anganikeza indoda umjovo kazifozonke ngomkhuhlane omubi noma inyumoniya, futhi uyiphulukise khona manje. Futhi bebengayinikeza ukuhlolwa; kucace ngokuphelele, kungekho nokuncane kwenyumoniya ngayo, noma imfiva; futhi kusasa ingabulawa yinyumoniya, into efanayo. Ngabe kunjalo na? Lokho akuhlangene nakho.

²² Niyabo, kungukuthi nje, “Nikhetha impukane kwenikuphuzayo, kepha nigwinye ikameli,” lokho njengoba isisho sakudala sinjalo.

²³ Kodwa, empeleni, manje-ke, ngibuya futhi ngitshela uDadewethu Wright. Ngahamba-ke, ngase ngiba nombono futhi, ngase ngibona uMfowethu George Wright ehlezi khona emuva lapho, nami ngingena emnyango. Wehla ngqo wadabula lapha wayenqamula kulesi sikhala esiphakathi nezihlalo, futhi wehlela lapho ngqo wase engixhawula, ehamba.

²⁴ Wayengakwazi ukuhamba; nonke niyasazi isimo sakhe. Ihlule legazi lalisanda kujikisa lehlise imilenze yakhe kanjalo, futhi udokotela wathi, “Liya enhliziyweni yakhe. Wayezofa noma nini.” Ngakho-ke, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nantathu ubudala, lalingekho ithuba lasemhlabeni kuye lokuba apha.

²⁵ Futhi ngiyabuya ngase ngitshela ibandla, ngashayela ucingo uDadewethu Wright. Akugcini lapho, kodwa ngehlela lapho. Futhi lapho endlini yakhe, abantu... Amadoda amabili ayehlezi endlini yakhe, ngiyakholwa, ngalokho kusa. Bekungenjalo yini, Mfowethu George na? Amadoda amabili ayesendlini yakho, ukusa engifika ngabo lapho. Umfo ngale

kwamakhelwane nomunye umfo omkhulu. Ngathi, “O, yebo. . .” [UMfowethu George Wright uthi, “Kumele ukuba wakhuluma nabo. Angisakhumbuli.”—Umhl.] Mnumzane? [“Kumelwe ukuba wakhuluma nabo. Angisakhumbuli.”] Ngiyakholwa. . . Bekungenjalo yini lokho, Edith na? Yebo, futhi kwakukhona amabili. Ya, wayesesimweni esibi.

²⁶ Kodwa ngathi, “Ungavumeli lutho lukukhathaze, ngoba uMfowethu Wright uyeza etabernakele, ehamba futhi, ngokuba ngu ISHO KANJE INKOSI.”

²⁷ Ngixovelile kukho. Ngathi, “Kunokuthile ngethuna.” Futhi okwakuyikho-ke, lapho umbono wembulwa kimi ucacile, okwakuyikho, kwakuyilabo ababehlekise ngaye ngokushiya ibandla ayekanye nalo, elalingakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Futhi wayezobona amathuna abo embiwa, futhi wazi ukuthi babeyohamba phambi kwakhe.

²⁸ Bangaki abasele, kusukela ngaleso sikhathi na? [UMfowethu George Wright uthi, “Abane noma abahlanu sebevele bangcwatshiwe selokhu ngaba ngcono. Nomshumayeli wami owashumayela wangikhipha ebandleni lami, waxoshwa cishe emavikini amabili edlule.”—Umhl.] Ingabe iNkosi iqinisile na? Yebo, mnumzane. Ngiqinisekile. Lokho ngokuhlalu koku. . . Lokho okune, nalokho, lokho kuzoba okuhlalu. Abahlanu sebehambile. Futhi akukapheli nonyaka, uphelile yini, Mfowethu George na? [“Kuthi akube unyaka nje.”] Kuthi akube unyaka nje, ngalesisikhathi. Kwakuyilokho-ke, niyabo. Lapho iNkosi ikhuluma, kuphelele ngokuphelele. Ungabhekisisa nje phansi ngqo. Angikaze ngikubone okukodwa kwakho kwehluleka. Futhi kungakhathaleki ukuthi yini, uma. . .

²⁹ Odokotela bethu abathandekayo nezinto usebenze naleyongane, futhi yonke into yenziwe. Angiqinisekile, kodwa ngicishe ngiqiniseke ukuthi leyo yiyo kanye into efanayo, ngoba ngibone lowo wesifazane enaleyo nto kuye, niyazi, upende ezindebeni zakhe; futhi—futhi wayemi lapho okwashunyayelwa khona umngcwabo womkama. Nengane yayibukeka njengengane yami, uSara, emuva lapho, niyabo. Futhi leyo yingane, ngicishe ngiqiniseke impela. Uma kunjalo, akukho okunye ezweni. . . Kodwa ngiyibonile leyongane, isuka ekufeni, ize ekuphileni. Niyabo? Futhi izophila, impela nje njengoba uNkulunkulu eseZulwini kulobubusuku, namaZwi aKhe ayiqiniso. Yebo, mnumzane. Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke. Ngakho-ke, sizobheka sibone. INkosi iyamangalisa. AYimangalisi na? Yona inhle kanjani kithi!

³⁰ Manje besitadisha, kulokhu ukusa, ngale eNcwadini yeZenzo, ngeBandla, livutha nje inkazimulo kaNkulunkulu. Yeka ukuthi iNkosi uJesu yayisanda kufika nje njengofakazi, emhlabeni, ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu! Yeka ukuthi babethembele kanjani kuYe! Futhi yeka ukuthi

Wayebatshele kanjani ukuthi kwakungenakwenzeka kuYe, enyameni yomzimba, ukuba abe kuwo wonke umuntu! Wayengaba semzimbeni owodwa kuphela. Kodwa-ke, uma Ahamba, Wayeyobuya futhi esesimweni sikaMoya, bese kuthi-ke Ubeyofika kuyo yonke inhliziyoy elambile leyo elambile futhi yomele Yena. Futhi yona impela imisebenzi Ayenza lapha emhlabeni, Uyoqhubeka eBandleni laKhe, kuze kube sekupheleni kwezwe.

³¹ Anjabuli yini ukuthi nikuleloBandla, kulobubusuku na? Hhayi ngaphansi kwe... Hhayi lokhu, lolu—lolu phahla lwesonto. Ngigonde, eBandleni. Linye kuphela iBandla. Futhi—futhi awuLijoyini. U—ungeke uthathe iphepha, kuLo. U—u—uzalelwa kuLo nje, yilokho kuphela. Futhi uzalelwe kuleloBandla, futhi kungomusa ukuthi uzalelwe kuLo. Ubungeke ukulambeke ukungena kuLo; awunasifiso saLo, uzonda yona kanye imicabango yaLo, ngaphandle uma uNkulunkulu qobo lwaKhe ekumisile ukuthi umele ube kuleloBandla. Futhi uma ubu... Uma uyoke ube kuleloBandla, UNkulunkulu wakwazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuthi uyoba kuleloBandla. Futhi Wakumisa, futhi wamisela wena ngaphambili ukuba ube kuleloBandla. Akumangalisi yini lokho na?

³² “Bonke abezwa iPhimbo laMi bayakuza kiMi.” Ngabe kunjalo na? “Futhi konke uBaba aNgiphe khona kuzoza kiMi, futhi Ngiyomvusa futhi ngosuku lokugcina.”

³³ Niyabo, manje, abantu bathi, “Angikholelwa ezintweni ezinjalo!” Ungabadeleli. Bahawukele, niyabo. Bakhulekele. Ngoba, bona—bona abanalutho *lapha*, futhi mhlasimbe ngeke babe nalutho, ukubenza bakholwe ngakho. Bakukholwa ngoko—umbono wesayense yezenkolo. Bathi, “Awu, yebo, ngikholwa ukuthi lokho kungukuthi nje...” Kodwa, ngoqonde ukuthi, abakwazi ukukholwa ngaphandle uma kunguNkulunkulu ngempela enhliziyweni. Niyabo? Futhi awukwazi... .

³⁴ UJesu wathi, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade.” Hhayi ngoba ejoyine ibandla, hhayi ngoba wabhaphathizwa, hhayi ngoba wenza *lokhu*, ngoba wamemeza, ngoba wenza lokhu *okunye*. Lezozinto zilungile; ukujoyina ibandla, ukubhaphathiza, ukumemeza. Kodwa Wathi, “Lowo onokuPhila okuphakade, ngoba ukholiwe.”

³⁵ Manje, eZenzweni 2:38, uPetru wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona-ke niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.”

³⁶ Futhi bengilokhu ngimangala, eminyakeni, ngenkathi ngibona lokho futhi ngikufunde. Ngacabanga, “Nkosi, nakhu kuza amadoda nabesifazane. Ngibabonile beza e-altare, futhi

baguqe phansi futhi bakhale, futhi bakhuleke, bahambe futhi babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu, futhi ngemva kweviki, baphume nezwe futhi.” Ngacabanga, “O Nkulunkulu, impela iZwi laKho alinaphutha. Angikufondi nje. Kodwa Wena, Nkosi, uma ngizoqhubeka naWe, Wena wathi iZwi laKho liyohlala kimi.”

³⁷ Ngakho-ke ngaqhubeka naYe, kwaze kwaba manje sengiyabona ukuthi kuyini. Ukwazisile, niyabo. Futhi angizange ngikwazi kwaze kwaba yilapho iNkosi ivele yakuvula, ngoluny’usuku, futhi kwakulele lapho phambi kwami ngqo. Ngase ngibona labobantu engesikho lokho ababeyikho ekuqaleni, niyabo, ukuthi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonisi.” Akuyena okufunayo; nguNkulunkulu okhethayo ukuthi kube njalo. Akukhona ukuthi uyaKufuna, noma qha; awuhlanganise lutho nakho. NguNkulunkulu. Yena, “Wenza lukhuni Azomenza lukhuni. Yena unomusa kulowo Afuna ukuba nomusa kuye.” Kunjalo. Futhi noma ngabe ungubani, unasiphi isikhundla, noma ngabe ungumongameli noma ngabe uyisinxibi emgwaqeni, akwenzi mehluko omncane. “UNkulunkulu unesihe kulowo Azomhawukela.”

³⁸ Futhi ngaphambi kokuba izwe liqale, Wagcoba ukuthi abantu abanangi kakhulu, kwehlele eminyakeni, ukuthi babengobani, babeyosindiswa. Futhi bonke Abamisele bayokuza kuYe. Kunjalo. Bonke bayofika, futhi akekho kubo oyolahleka. Umisele, wathi kuyoba khona iBandla lapho; BeLingeke libe nasici; beLingeke laba nambimbi.

³⁹ Futhi manje, njengoba iminyaka iqhubekile, futhi sibabonile kulokhu ukusa, esifundweni, nalabobafundisi abakhulu beOrthodox, bedume nje futhi bephucuzekile njengoba bebengaba njalo, bengcwele nje njengoba bebengahamba emhlabeni. Futhi iBhayibheli...Lalelani. IBhayibheli lathi, “Batholwa bengenacala.” Ngoba, bathi, “O, bengingeke ngikuthinte *lokho*. Bengingeke ngikwenze *lokhu*.” Niyabo, kodwa kwakungewona umusa lowo; kwakuyimisebenzi leyo.

⁴⁰ Futhi asisindiswa ngemisebenzi, lokho esikwenzayo. Akukhona engikwenzile okwangisindisa. Yilokho uKristu akwenzile okwangisindisa. Niyabo? Hhayi lokho...Anginabo ubungcwele.

⁴¹ Uma ngizame ukuthi, “Awu, ngiyekile ukuphuza. Ngiyekile ukubhema. Ngiyekile ukweba, ukuqamba amanga, nokunye nokunye.” Yilokho engikwenzile, niyabo. Lokho kuyoba ngokwami. Ngiyoba nokuthile engingaqhosha ngakho.

⁴² Kodwa angizange—zange ngiyeke lutho. Wavele weza kimi wase ekukhipha kimi. Niyabo? Yilokho kuphela. Khona-ke akusikho engikwenzile. Yilokho Yena akwenzile.

⁴³ Futhi, manje-ke, uMoya oNgcwele khona uhlala phakathi, futhi ukhula nsuku zonke; uyakhula nje, uzenze Wona ube

mkhulu futhi ube mkhulu; ufuqela ngaphandle izinto, iminako, isilingo. Njengoba uzingqoba, uMoya oNgcwele uthatha indawo yaWo. Niyazi ukuthini? Uma unesilingo esibi ngempela sento engalungile; ngoba leyonto izikhathi ezimbalwa, futhi ubheke ukuthi ubufakazi bakho abuhakazi yini ngenxa yakho.

⁴⁴ Bhekani uSamsoni. Lapho ethole... Ingonyama yagijimela ukumbulala, futhi wabulala ingonyama ngenkathi aMandla kaNkulunkulu efika phezu kwakhe. Wayibulala ngesandla sakhe esingenalutho, mhlawumbe nje wahlukanisa imihlathi yayo. Imfanzi encane, encanyana, enezinwele ezisongekile, ezicishe ziphakame *kangako*. Omncane, omncanyana, umfo omdala, obukeka ewuqhaqhavyana, esitaladini; amagoda ayisikhombisa elenga ekhanda lakhe, njengosasitabane omncane. Futhi wayengaphezu kunesitabane esincane, kwaze kwaba uMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwakhe.

⁴⁵ Manje, bekungeke kube nzima ukukholwa ukuthi umdondoshiya omkhulu ubungabulala ibhubesi ngezandla zawo. Ngikholwa ukuthi ubengakwenza. Kodwa kwakuyini into ehlekisayo, lomfo omncanyanyana akwenzile.

⁴⁶ Kodwa uMoya weNkosi wehlela phezu kwakhe, futhi wabulala ingonyama, wayiphonsa ohlangothini olulodwa. Nezinyosi zakha isidleke sazo lapho. Futhi uSamsoni... uju olumnandi ukwedlula lonke ake aludla, lwaphuma kuleso sidumbu salelobhubesi elibulewe. Ngabe kunjalo na? Ngani? Walinqoba ngamandla kaNkulunkulu.

⁴⁷ Futhi uma unokuthile ofuna ukudla uju olumnandi kukho, vele ukunqobe ngaMandla kaNkulunkulu. Kunjalo. Qaphela ukuthi kuhle kanjani. O, he. Dlula... Mhlawumbe uke waba yisidakwa, futhi, nokho, ngaso sonke isikhathi lapho unuka ugologo noma ubhiya, noma okuthize, ufuna ukukuphuza. Kunqobe, ngaMandla kaNkulunkulu; futhi udlule kanye, futhi ubone ukuthi imuphi umuzwa onawo enhliziyweni yakho, lapho yonke into isifile futhi isihambile-ke, konke sekuphelile. O, he, lololu olumnandi oluthola kukho!

⁴⁸ Manje, lababantu base benqobile ngempela. NgoSuku lwePhentekoste, bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Amandla kaNkulunkulu ayephezu kwabo. Babeneziphiwo ababeziphiwe, ukukhuluma ngezilimi, nakho konke. Babenesikhathi esimangalisayo nje, neBandla lalivutha.

⁴⁹ Manje ngizosondela komunye umbono omncane lapha, ovela kuStefani, ngalesi sikhathi, ngize ngibuyele endikimbeni yami yasekuqaleni futhi, uma ngingakwazi. Qaphelani, kunendoda igama layo nguStefani. Wayengeyena omunye wabaphostoli. Qhabo, wayengeyena. Wayeyidikoni nje. Kodwa, o, mfowethu, unokuthile enhliziyweni yakhe. Akakwazanga ukuma athule.

⁵⁰ Yileyondlela wonke umuntu ayiyo uma eWuthola enhliziyweni yakhe. Angeke nje akumele; he, ufanele atshele othile!

⁵¹ Futhi babelapha, phandle esitaladini, bebambe imvuselelo, futhi benesikhathi esikhazimulayo nje. Ngani, kwakufana nendlu eshayo, kunomoya omkhulu. Ubungeke nje umvimbe. Yilokho kuphela.

⁵² Ngakho-ke bamqokula, ezansi esitaladini, bamdonsela eNkantolo yeSanhedrin. Bathi, “Mfowethu, sizomlungisa lowomfo. Sizokumisa konke lokhu kushisekela ngokweqile.” Futhi bamfaka etilongweni kwaze kwaba sekuseni. INkantolo yeSanhedrin yahlangana, mhlawumbe abantu abayingxenye yesigidi, noma ngaphezulu, babuthana lapho. Baphushela uStefani omdadlana phandle lapho.

⁵³ Kodwa uma ephuma, mfowethu, waphuma, nobuso bakhe bakhazimula njengeNgelosi. Mfowethu, angicabangi, njengokukhanya kwesibani, kodwa kwakukhanya ngokuvuma, owayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Angicabangi ukuthi iNgelosi mhlawumbe ibingaba njengokukhanya, ukukhanya noma into ethize ekhanyayo. Kodwa kwakusho ukuthi wakhanyiswa yilokhu, ukuthi wayeqonda ukuthi wayekhuluma ngani.

⁵⁴ IBhayibheli lathi wayenesibindi. Waphumela lapho, enamandla, futhi wathi, “Nina madoda akwa-Israyeli. . .” Emi yedwa, njengewundlu phakathi kwezimpisi eziyizinkulungwane eziyishumi ezilambile zigidlezelela igazi lakhe. Wathi, “Nina madoda akwa-Israyeli, nani nonke baseJudiya, kanjalonjalo, nabobaba! Makwazeke kini, uNkulunkulu ka-Abrahama. . . UNkulunkulu wawobaba bethu wabonakala ku-Abrahama, wamkhuphula eKaledi, wamnika isithembiso salelizwe. Futhi—futhi kuye wangenisa uJesu Kristu, nina, ngezandla ezimbi, nambethela, nambulala.”

⁵⁵ Futhi lapho eseqedile ukusho lokho, wathi, “O, nina bontamo zilukhuni, abangasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nihlala nimelana noMoya oNgcwele! Njengoba kwenza oyihlo, nani nenza kanjalo!” O, he! Ngingathanda ukuzwa leyo ntshumayelo ekuqoshweni. Mfowethu Beeler, ngifisa sengathi ngabe siyitholile leyo. Yebo, mnumzane. Wathi, “O, nina bontamo zilukhuni, abangasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nihlala nimelana noMoya oNgcwele! Njengoba obaba benu benza, nani niyakwenza!” Mfowethu, lokho kwakungekhona ukudonsa noma yiziphi izibhakela (kwakuyikho na?), lapho azi ukuthi igazi lakhe laliyochitheka kanjalo.

⁵⁶ IBhayibheli lathi, “Wayeyindoda egcwele. . .” Igcwele ini na? Igcwele ubuwula na? Qhabo, mnumzane. Ugcwele isayense yezenkolo na? Qhabo, mnumzane. “Wayegcwele uMoya oNgcwele.” Kulapho zonke lezi ezinkulu, izimfanelo

ezinhle zazilele khona, ngoba wayegwalisiwe. Izwe lalifuqelwe ngaphandle, noMoya oNgcwele wawukuye. “Wayengumuntu ogcwele uMoya oNgcwele.” He! Uyimise na? Wawungekwenze. Kwakungekho ommisayo. Wayevutha bhe, mfowethu. Wayefanele ashumayele iVangeli. Futhi washumayela iVangeli, futhi wenza izimangaliso nezibonakaliso.

⁵⁷ Futhi emva kwesikhashana, ngenkathi bemgedlela, bamhudulela ezinkantolo base bemkhiphela lapho, futhi bambulala. Futhi bamjikijela ngamagabade namatshe, baze bamgxoba wafa. Omi lapho kwakunguPawulu, efakaza ngakho, futhi ngenkathi uPawulu ebheka phansi futhi ebona uStefani efa. UStefani wabheka phezulu wayesethi, “Ngibona amazulu evulekile. Ngibona amazulu evuleka noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.”

⁵⁸ UPawulu wabheka phansi. Ngicabanga ukuthi wanwaya ikhanda lakhe, wabe esecabanga, “Kwenzakalani na?”

Wathi, “Nkosi, ungababaleli lesisono.”

⁵⁹ Futhi walala ezingalweni zikaNkulunkulu, ethunduzelwa. Ngani? Akazange esezwa elinye idwala kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke. UNkulunkulu wamthunduzela ukuba alale ezingalweni zaKhe, njengoba nje umama ebengenza umntanakhe osancela. UNkulunkulu wamthwala esifubeni sikaKristu, wamyisa esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ngaleya, lapho enokuthula; futhi wabalwa phakathi kwabafel’ukholo, nomqhele womfel’ukholo lapho kulobubusuku, “ongafi,” emi phakathi kwabantu. Lowo kwakunguStefani, egwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kunjalo. Amagabade avele alahlekelwa umuzwa wawo, amadwala amakhulu, lapho ayeshaya ekhanda lakhe. UNkulunkulu wamthunduzela ukuba alale. IBhayibheli alizange lithi wafa. IBhayibheli lathi, “Walala.” Amen. Yileyo ndlela amaKristu afa ngayo. Amen. Kulungile.

⁶⁰ Manje babenesikhathi esimnandi. Lowo mbiko uyabuya; njengoba uMfowethu Neville eshilo, esikhashaneni esedlule. Hhayi nje...uhlobo nje lokukhukhumalisa abaphostoli, nokunye nokunye. Kwakufanele benze okuthile ngakho. Baqhubeka ngqo, basuka bahamba futhi, ngamandla nje ababengahamba ngawo, beshumayela iVangeli. UPetru noJohane, amabili angazi lutho, amadoda angafundile, badlula ngasesangweni elithiwa eLihle. He!

⁶¹ Udeveli wathi, “Awu, manje, balaphaya nje beshumayela, ngakho-ke ngeke kulimaze lutho.” Manje-ke, bonke lababantu babekhohlelwa ekushumayeleni, yonke into.

⁶² Kodwa lapho bedlula esangweni elithiwa eLihle, nakho kwakulele indoda. UMoya oNgcwele wathi, “Petru, leyondoda ingaphulukiswa. Inokukholwa.” Lapho ebona ukuthi inokukholwa ukuba iphulukiswe, wathi, “Yima

ngezinyawo zakho.” Futhi wayiqukula, futhi wayibamba kwaze kwaqina amathambo eqakala. Futhi yasho yahamba, yeqa futhi igxuma, futhi idumisa uNkulunkulu. Niyazi ukuthini? Lokho kwabangela izinkathazo ezingaphezu kwakho konke ukushumayela abake bakwenza.

⁶³ Mfowethu, wena vumela okuthize ngasohlangothini olumangalisayo kuqale, futhi bhekisisa ukuthi zonke izixhwanguxhwangu, zizingela kanjani esihogweni, ziyompongolozela, zithandiswa igazi. Ngabe kunjalo na? Iqiniso.

⁶⁴ Nginyanitshele, uPetru washumayela intshumayelo ngoSuku lwePhentekoste, futhi imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu yasindiswa. Udeveli akazange aphume ngisho embhedeni wakhe. Kunjalo. “O, awu, bashiye phansi.” Niyabo?

⁶⁵ Kodwa wadlula esangweni elithiwa eLihle, ngakusasa, futhi waphulukisa indoda, futhi iyisishosha kwasesizalweni sikanina, futhi isihogo sonke sadedelwa kuyo. Kunjalo. Wamphonsa etilongweni wangcina khona ubusuku bonke. Yebo, mnumzane. Mfake etilongweni, indlu yetilongo engaphakathi lapho, ngenxa yesimanga. Udeveli wathi, “Angeke ngivumele lento iqale manje, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Uma benza, ngempela bazokhipha izinto zami ezingisekayo ngaphansi kwami.” Kunjalo. “Isizathu, ngingahle ngibakhohlise, nxazonke, ngesayense yezenkolo encane, kanye ngankathi. Kodwa impela angeke ngiyikhohlise leyoNto yangempela ephumayo, nabantu bayayibona yenziwa. Ngizovele ngimise lokhu ngaphambi kokuba elinye iqembu lingene—enkundleni.”

⁶⁶ Akakaze akumise ngaleso sikhathi. Angeke akumise manje. Kunjalo. IVangeli likaNkulunkulu lizoqhubeka, futhi liqhubeke, futhi liqhubeke, futhi liqhubeke. Futhi lapho engasekho amazulu noma umhlaba ungasekho, leloZwi lisazohlala lifana. “Ngokuba kodlula amazulu nomhlaba, kepha amazwi aMi awasoze adlula.” Lingeke ledlule. Lawo maZwi alifi nje njengoNkulunkulu uqobo lwaKhe. Lingeke ledlule. Ngikholwa lonke iZwi laLo. Zonke izinto uJesu ayeyikho, Uyikho manje, futhi uyohlala eyikho. Kunjalo. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

⁶⁷ UMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste unguMoya oNgcwele ofanayo wanamuhla. Ngizovuma ukuthi Unyathelwe phansi, kwahlekiswa ngawo, wahunyushwa ngokungeyikho, wethulwa ngokungeyikho, nakho konke okunye kanjalo; lowo ngudeveli kuphela, enza umgunyathi. Kodwa kukhona owangempela, umbhaphathizo woqobo kaMoya oNgcwele, lowo oletha imiphumela efanayo ababenayo ngoSuku lwePhentekoste. Kunjalo.

⁶⁸ Impela, udeveli unezicupho ezindala zegwababa phandle lapho. Nginitshela iQiniso. Ngaso sonke isikhathi lapho ubona

isichuse sikhuphuka, khumbula, kukhona into enhle eduze. Kunjalo. Impela. Awusiboni isichuse kophayinaphu abadala. . . noma ngiqonde ukuthi, ama-apula abiyelwe phandle lapha. Usithola ngaphansi kwezihlahla ezinkulu ezinoshukela, lapho obona khona isichuse, ngoba bafuna ukwethusa. Udeveli uxhoma zonke izichuse nxazonke, inkolo enhle ngempela kaMoya oNgewele, angayibeka ngalapho. Ngoba, khona phakathi lapho kulele uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu evukile, enaMandla aKhe angenakufa, onguye izolo, namuhla, naphakade. Amen! Kusho ukuthi “makube njalo.” Kulungile.

⁶⁹ Manje, siyathola, babafaka etilongweni elingaphakathi. Ngakusasa ekuseni, babashaya kahle, bese beyabamukisa.

⁷⁰ Manje sithola uPetru, kulokhu ukusa, emi phakathi kwabo, ezansi lapha esahlukweni se 4. Futhi wathi, “Ngani, nina madoda akwa-Israyeli, nani enakhileyo eJudiya! Lokhu makwazeke kini. UJesu waseNazaretha, ukuthi Wafakazisa kanjani ukuthi WayeyiNdoda kaNkulunkulu. Zonke izibonakaliso nezimanga uNkulunkulu ayezenzile ngaYe, kwafakazisa ukuthi WayeyiNdoda kaNkulunkulu.” Babazi ukuthi WayeyiNdoda kaNkulunkulu. Wayesethi-ke, “Nina, ngezandla ezimbi, niyibethele futhi nayibulala iNkosi yokuPhila; uNkulunkulu aYivusa, nathi singofakazi bakho.”

⁷¹ Wathi, “Ngokukholwa eGameni laKhe lomuntu uyaphiliswa.” Wathi, “Uma sihlolisiswa namuhla ngemisebenzi emihle esiyenzile, makwazeke kini, nayo yonke indlu ka-Israyeli, ukuthi ngeGama likaJesu Kristu lendoda iphulukisiwe.”

⁷² Lapho bebuza, “Bangabaliphi—liphi iqembu lenkolo na? Bagcotshelwa kuphi na? Baphuma kuliphi ikolishi na?” Noma enye into enjalo, “Kwavelaphi konke lokhu na? Wawathathaphi amalungelo akho okwenza lokhu na? Sibonise ukuthi umele liphi iqembu, ukuze sibuyele kumalunga futhi sithole ukuthi ukwenzela ini lokhu. Yebo, mnumzane. Sifuna ukuthola ukuthi yiliphi ibandla elifundisa lolu hlobo lokuhlubuka ngalapha. Uvela kuphi na?”

⁷³ UPetru wathi, “EGameni likaJesu Kristu, ngokukholwa eGameni laKhe, lendoda iyaphiliswa.” Amen.

⁷⁴ Futhi abakwazanga ukusho lutho ngakho, ngoba nakho kwakumi indoda, futhi babeyazi. Amen. Amen.

⁷⁵ Qaphelani, bukani ukuthi utheni lapha manje.

Futhi lo uyitshe elaliwa yinina bakhi, . . .

Futhi ayikho insindiso kunoma yiliphi elinye igama: ngokuba alikho elinye igama phansi kwezulu elinikiwe phakathi kwabantu, enimelwe ukusindiswa ngalo.

⁷⁶ O, ukwaliwa kweTshe! “ITshe laliwa.” Kungani? Lapho bakha ithempeli likaSolomoni. . .

⁷⁷ Ngifuna niqaphele isithombe esihle kakhulu lapha. Lapho beyokwakha ithempeli likaSolomoni, amatshe aqheshulwa, endaweni eyodwa, nakwenye indawo, nakwenye indawo. Amanye awo aqheshulwa ngalendlela, namanye ngaleyondlela. Kodwa iBhayibheli lasho, ukuthi, lapho ehlangana ndawonye... Kwathatha iminyaka engamashumi amane, ngiyakholwa, ukugxumekwa kwethempeli. Futhi kwakungekho msindo wesaha, noma umsindo wesando, eminyakeni engamashumi amane. Amatshe ehlangana, itshe phezu kwetshe; into kuphela ababefanele bayenze wukugcoba udaka oluncane kulo bese belibeka phansi lapho. Futhi lwanamathela, itshe ngetshe, itshe ngetshe. Cabanga ngalokho.

⁷⁸ Manje nanku umbono wami ngakho, bazalwane. Lapho i... Lelothempeli lapho lalimele iThempeli, elingokomoya, iThempeli esikulo manje. Bangena ethempelini ukuze bathole isibusiso sabo. Sibhaphathizelwa eThempelini likaNkulunkulu, eMzimbeni kaNkulunkulu, eMzimbeni kaJesu Kristu. Futhi sikuKristu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele; kwabaseKorinte bokuQala 12. "Futhi akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu," KwabaseRoma 8:1, "abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokukaMoya." Bafisa izinto ezingokomoya. Abanandaba nezinto zenyama.

Inyama yami ithi, "Ngikhathele kakhulu."

⁷⁹ Umoya wami uthi, "Awukhathele. NginguMphathi wakho. Ngilandele." Amen.

⁸⁰ Bheka udaba laphaya, futhi udokotela uthi, "Uyazi ukuthi loludaba angeke lukwazi ukululama. Lolodaba alusekho." Ngizombheka, ngithi, "Kunjalo."

⁸¹ Kodwa uMoya oNgcwele uyeza futhi unikeze umbono, wathi, "Kuzolunga." Khona-ke ngithi, "ISHO KANJE INKOSI. Indoda izophila."

⁸² Futhi asisazilandeli izinto zenyama. Silandela izinto zikaMoya. Kunjalo.

⁸³ Manje, uma lamatshe ehlangana... Aqheshulwa, emhlabeni wonke, ezindaweni ezahlukene. Ugodo lokwenza ipulangwe ne... lehliselwe phansi emisedarini yabo emide yaseLebanoni, lwagawulwa futhi lalethwa eJopha, ngenqola yezinkabi, nangaphakathi kuyo, ngokunye nokunye, ngohlaka olwakhiwe ngezingodo oluntanta emanzini, baze bafike ukuzokwenza—ithempeli. Kodwa uma sekuhlangene, qhabo... .

⁸⁴ Ngifuna niqaphele. Elinye itshe lasikwa ngalendlela, elinye itshe lasikwa ngenye indlela. Mhlasimbe, ngenkathi abakha ngamatshe bewasika, bangahle ukuba baphikisana futhi baqophisana, nakho konke okunye.

⁸⁵ Njengoba kwenza isigejane sabashumayeli namuhla, "NgiyiMethodisti. Ngiyichurch of God. Udumo kuNkulunkulu,

ngingowe-Assemblies. Mina *lokhu*.” Nilokhu niqophisana. Kodwa, khumbulani, nguNkulunkulu nguYe owenza ukusika.

⁸⁶ Futhi ngenkathi lona esika ngalendlela, nomunye ngaleyondlela, abakwazanga ukuqonda. Kodwa lapho sebeyokuhlanganisa, yonke into yayilele phansi. Futhi bayibeka, ibhlokhi ebhlokhini ebhlokhini, futhi akudingekanga ukuba besasika.

⁸⁷ Ngiyakholwa, ngolunye lwalezizinsuku ezikhazimulayo, lapho lenhlangano ebumbene yebandla ihamba ndawonye, futhi upapa omusha uyakhishwa eUnited States futhi abekwe laphaya ngokwesiprofetho, khona-ke bayobumba umfanekiso ofana nesilo. Futhi ngiyanitshela, iBandla likaNkulunkulu leqiniso liyoshayelwa ndawonye. Awangempela, amakholwa eqiniso aphuma kwiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, iNazarene, iPilgrim Holiness, noma ngabe yini abayoba yiyo, bazohambisana, futhi banamatheliswe ngothando lukaNkulunkulu, lokho kuzokwenza uMzimba weNkosi uJesu Kristu, onke amakholwa. Futhi abangakholelwa kuNkulunkulu nabanomqondo ongajulile bayophonswa ohlangothini olulodwa; bayongena ngqo kumfelandawonye wamabandla.

⁸⁸ Futhi ngafunda ngolunye usuku, ngisho nama-Assemblies of God angena kumfelandawonye wamabandla. O, he! Bafanele baphike imfundiso yabo yobuvangeli, ukwenza kanjalo. Kunjalo. Futhi zonke izibonakaliso zabo zephentekoste nezimanga, isimiso, bafanele bakuphike lokho, ukuba kumfelandawonye wamabandla. Kufanele bakuphike, o, mfowethu, ukuba nesithunzi.

⁸⁹ Ngingamane, njengoba ngike ngasho izikhathi eziningi, ngilale ngesisu sami futhi ngiphuze amanzi egatsha, futhi ngidle amaqebelengwane kasoda, futhi ngithandwe nguNkulunkulu, futhi ngibe yinceku yaKhe kaNkulunkulu; kunokuba ngibe nokukwedlula konke okukhona, lelizwe elikunikezelayo, uma bengifanele ngixegise okholweni lwami eNkosini uJesu Kristu neBhayibheli laKhe. Ngikhohla ukuthi *Leli* yiZwi likaNkulunkulu elingenaphutha, futhi lonke iZwi laLo liqinisile. Yebo, mnumzane.

⁹⁰ Manje sizobheka phakathi lapho ukuthi babenza kanjani. Benqaba... Beza, bebeka phansi amatshe abo. Futhi bafika endaweni, bathola itshe elibukeka lixakile. Babengakwazi ukusebenzisa lelotshe. Bathi, “Lelotshe alilungile.” Futhi balikhahlela, ngale enqumbini yokhula ndawondawo. Abakwazanga ukulisebenzisa. Lalibukeka lixakile. Futhi bazama ukwakha isakhiwo sabo. Futhi bafika endaweni, futhi babeka wonke amadwala, futhi bawabeka phansi ngalendlela. Bafika endaweni, futhi abakwazanga manje ukuthola itshe lokushaya lelikhona. Baqhubeka nokwakha nokwakha nokwakha. Nesakhiwo saphakama kade kangako,

asikwazanga ukuqhubeka, ngokuba babedinga itshe legumbi. Babheka kuwo wonke amatshe, bezama ukuthola itshe legumbi, kodwa abalitholanga. Futhi into yokuqala niyazi, omunye waphumela engqumbini yokhula. Futhi lona kanye itshe abalenqabayo kwakuyitshe legumbi eliyinhloko.

⁹¹ Futhi kuyilokho namuhla, bangane. Ibandla lamaMethodisti lilungile. Ibandla leBaptisti lilungile. Ibandla lePresbyterian, iPentecostal, iNazarene, iPilgrim Holiness, noma kungaba yini, onke alungile. Kodwa into yakho ingukuthi, mfowethu, bayalengaba iTshe leGumbi langempela. Yingakho iVangeli lingayanga emhlabeni wonke, ngamandla nezibonakaliso nemiboniso, yingenxa yokuthi amahlelo asike wona kanye aMandla okumangalisayo, ethi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ayikho into okuthiwa ukukhuluma ngezilimi. Ayikho into enjenganoma yimaphi amandla angaphezu kwemvelo. Lokho kwakungosuku oselwadhula.”

⁹² Futhi uzothola, mfowethu, ukuthi, wonke owenza lokho, balala eshalofini ngqo. Abasehlukene nezinhlango zamaLangala. Banesixuku sabajoyinayo, kunjalo, kodwa iBhayibheli lathi, “Bayoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa bazowaphika aMandla akho; wobafulathela abanjalo.”

⁹³ Kodwa njengamabandla, bayathola, onke lamahlelo azamile ukwakha. Ngeke bakhe phezu kwalutho olungaphansi kukaJesu Kristu nokulunga. Futhi uma wemukela uJesu Kristu, futhi uthi kuwubuwula . . .

Uthi, “O, ngimamukele uJesu.”

⁹⁴ Uma wemukela uJesu, wemukela iNto ethize ekutshelayo, ukuthi, “LeliZwi likaNkulunkulu liphefumulelwe; futhi Yena uyiNkosi uJesu efanayo, kulobubusuku, enza futhi enza zona impela izinto Athi Yena uyozenza,” noma awukayamukeli iNkosi uJesu. Wena wemukela isayense yezenkolo ethile, kodwa hhayi iNkosi uJesu. Ngokuba lapho uJesu engena enhliziyweni yakho, kukhona okwenzekile, ukuthi ukholwe yikho konke uNkulunkulu akushoyo.

⁹⁵ Hhayi lokho kuphela, kodwa uyazi ukuthi Kunjalo. Bonke odeveli esihogweni abakwazanga ukuKususa kuwe. Ngani, impela, uyaKukholwa. UNkulunkulu ushilo kanjalo, futhi lokho kuyakuxazulula. Uma ISHO KANJE INKOSI, ugcina amathemba akho khona lapho. Phila noma ufe, uyaKukholwa, noma kanjani. Usulungele ukubeka uphawu ubufakazi bakho ngegazi lakho, noma ngasiphi isikhathi, ngokuba uyakholwa ukuthi KuyiQiniso. Uyazi ukuthi KuyiQiniso, ngokuba uNkulunkulu washo njalo. Futhi iNto ethize phakathi kwakho iyazi ukuthi KuyiQiniso.

⁹⁶ Kodwa, manje, uma uvele ungene ngokombono wezemfundo, futhi, ngani, ungangahle uphikise *Lokhu* futhi uphikise *Lokho*,

futhi uthi, “*Lokhu* akusikho, futhi *Lokho* akusikho. Futhi asikukholwa *Lokhu*, futhi asikukholwa *Lokho*.” Uyazi, uphikisane. Wena uthi, “O, awu, angikwazi ukukholelwa okunjenga *Lokho*.” Mhlawumbe ushaye into efanayo eNew Albany, kulobubusuku; ukuphikisana noNkulunkulu. Kungani kunjalo na?

⁹⁷ Lalela uqhubeke kancane, futhi uthole umkhuleko lababantu abawukhuleka:

⁹⁸ Wathi, “Kungani abezizwe bexokozela, nabantu bacabange okuyize na? Impela Nkosi...ngeNdodana yaKho uJesu... futhi unike izinceku zakho,” lapho zikhuleka nganhliziyonye, wathi, “nika izinceku zakho, ukukhuluma—khuluma iZwi likaNkulunkulu ngesibindi, ngokwelula isandla seNdodana yaKho, uJesu, ukuphulukisa abagulayo...”

⁹⁹ Amen. Nkulunkulu sisize sibe nomhlangano womkhuleko onjalo! Kwathi sebekhulekile, indlu yazamazama lapho ababebuthene khona. O, he. Yilokho esikudingayo kulobubusuku, abesilisa nabesifazane abanhliziyonye nokuvumelana kunye, njengoba babenjalo. Abakunaki *lokhu* noma *lokho*, noma enye into, kodwa ulahlekile kuKristu Jesu. Amathemba ami awakhiwe phezu kwalutho ngaphandle kweGazi likaJesu nokulunga. Noma ngabe ilanga liyaphuma kusasa, noma aliphumi; sizibophe ndawonye ngesifungo phambi kukaNkulunkulu, ukuthi sizokhonza iNkosi uJesu futhi sihambe ezinyathelweni zaYo, kungakhathaleki ngenani. Khona-ke uzothola ibandla liqhubeka. Amen. Wathi:

Ayikho insindiso ngelinye igama: ngokuba alikho futhi elinye—elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, omelewe ukusindiswa ngalo.

¹⁰⁰ Inenekazi elithile elincane eliza kulelibandla, alilona ilunga lapha. LiyiMethodisti, kodwa liyasithanda. Futhi liza ebandleni.

¹⁰¹ Futhi elinye inenekazi lathi, “Uya kuliphi isonto na?” Lalibiza. Ngikuzwile lokhu. Lathi, “Kuphi, uya kuliphi isonto na?”

Wathi, “Ngenyukela eTabernakele likaBranham.”

¹⁰² Lathi, “Uqonde ukwenyukela lapho futhi uzwe lolohlobo lweMfundiso, uhlale ngaphansi kokufana nalokho na?”

Lathi, “Hlobo luni lweMfundiso na?”

¹⁰³ “Awu, baqhosha kakhulu ngoJesu; mayelana nokubhaphathiza, ukusebenzisa iGama laKhe ekubhaphathizweni, ukusebenzisa iGama laKhe kukho konke okunye.”

¹⁰⁴ Ngokuba iBhayibheli lathi, bazalwane bami, “Alikho elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, ukuze nisindiswe ngalo.” Impela.

105 Ngiyakutshela, mfowethu, a—angiyena oqophisanayo. Kodwa ngithanda ukubona noma yimuphi umuntu, noma kuphi, noma nini, ngeBhayibheli, efakazisa ukuthi Lokho akunjalo. Kunjalo. Kungakhathaleki ukuthi bathini, “Wena uyahlanya,” nakho konke okunye; akwenzi mehluko.

106 Ngimi esitolo sezincwadi, ngoluny’usuku, lapho engangizothenga khona izincwadi ezithile. Futhi inenekazi lathi, “Bengingeke ngibe nazo eshalofini lami. Angizidayisi.” Lathi, “Kwaqhamuka inenekazi elilodwa lazithenga zonke nya.” Laba neziyisikhombisa, futhi lelinenekazi lazithenga zonke. Ngicabanga ukuthi belifuna nje ukuzilahla. Futhi kwakukhona. . .

107 Kuvela indaba ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Kwakumi abashumayeli ababili beMethodisti, nePresbyterian. Abashumayeli beMethodisti, nomshumayeli wePresbyterian, babengimele. Bathi, “Uqinisile.” Lapho sengihambile, ngazibuza ukuthi yini. . .UMfowethu Shire wayemi ekhona, ngesikhathi esifanayo. UMfowethu Creech wangena, ngesikhathi esifanayo.

108 Lapho bonke sebeqala ukwehla, futhi baqala ukuhambahamba lapho kancanyana, lomshumayeli weMethodisti weza ngapha wase ebeka izandla zakhe ehloambe lami. Wathi, “Mfowethu Branham, ngenkathi ungelutho ngaphandle kwenganyana, Ngiphumela lapho ugibele khona esigxotsheni, usebenza ugqoke amapheya lezipolo, nobuso obungeolile.” Futhi wathi, “Bengazi ukuthi ufundise ukuphukukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi umama wami omdala ompofu wayelele phakathi lapho, enesifo sezinsu. Bekungeke kulunge. Wayelele, efa. Futhi wena uyangena wase ukhumula izipolo zakho namathuluzi, futhi waguqa kwiphansi futhi wakhulekela umama wami. Ngemva kweviki kusukela lapho, udokotela wammemezela njengophelele, ophilile.” Wathi, “Lokho sekube yiminyaka engamashumi amabili nantathu edlule, futhi uphile saka namuhla. Angikhathali noma ngabe yibandla lami, noma ukuthi kuyini; ngiyakholwa!” Haleluya! Nakho-ke.

109 “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule.” Izikhathi zingafika futhi zihambe, futhi izinto zingaguquka, kodwa iVangeli likaJesu Kristu liyohlala linjalo kuzo zonke izinkathi ezingapheli.

110 “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi.” Laliyini leloBandla na? Kwakuyiliphi idwala na?

111 Ubuza ibandla lamaKatholika. Bathi, “Kwakuyidwala elikhulu lilele lapho. Ibandla eliKatolika, ubukhosi buhlezi phezu kwalo, kulobubusuku, ‘phezu kwalelidwala,’ enikeza amanye amabandla amandla, ethethelela izono.” Lokho kusencazelweni yeKatolika.

112 Uma uzokuthola, buza iProtestane, uthi, “Laliyini lelo dwala na?”

113 Bebetho, “Lowo kwakunguJesu Kristu, idwala.” O, mfowethu!

114 Wathini uJesu ngakho na? UPetru wathi... “Nithi ubani na?” Wathi, “Nithi Ngingubani na?” Wayengakhulumi ngaYe. Wathi, “Nithi Ngingubani na?”

“Abanye bathi Wena ungu ‘Mose,’ futhi abanye bathi Wena ungu ‘Eliya.’”

“Kodwa nina nithi ubani na?”

UPetru wathi, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

115 Wathi, “Ubusisiwe wena, Simoni kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange uthathe isayense yezenkolo yomunye umuntu ngakho. Awuzange ukufunde ekolishi lezenkolo. Kodwa uBaba waMi, oseZulwini, ukwambulile kuwe. Futhi phezu kwaleli dwala...” Halleluya! Dwala lini na? Isambulo sikamoya sikaNkulunkulu siMbonakalisa kumuntu ngamunye. Halleluya! “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeke aLehlule.”

116 Lapho umuntu eke wazalwa ngempela ngoMoya kaNkulunkulu, futhi kusukela emqheleni wekhanda lakhe kuze kufike ekugcineni kwezinzapho zozwane lwakhe, uguquliwe ngaMandla okuvuka eNkosi uJesu Kristu. Nemibono yakhe siqu yobugovu isinyamalele, futhi uNkulunkulu usenokulawula okuphelele lowomuntu. Uyokholwa lonke iZwi elilotshiwe leNkosi uJesu Kristu, futhi enze okufanayo.

117 “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeke aLehlule.” Amen. Lokho kungakwenza uzizwe unokholo, akunjalo na? Nakanjani!

Yena uyitshe eladelelwa yinina bakhi, . . .

Futhi ayikho insindiso kunoma yiliphi elinye igama, ngaphandle kwaleliGama leNkosi uJesu; . . .

118 NeBhayibheli lasha lapha, ukuthi:

. . . babona ukuthi babengenalwazi futhi bengafundile . . .

119 “Bavela kusiphi isikole na? Isigejane sezilima savela lapho. Awu, ngubani lesi sigejane sabangafundile, abangafundile nabangafundanga na? Awu, amadoda awazi ngisho no ABC bawo. Awu, buka ulwimi abalusebenzisayo, ‘Het, no hain’t, no ain’t, nothutha, nothatha, nokubhubha.’ Hlobo luni lwa—hlobo luthi lwabantu lolu na? Ngani, navela kuliphi ikoliji lezenkolo na? UnguDokotela bani na?” Niyabo?

...kepha kwadingeka ukuba *bazi ngabo*, ngokuba baqonda *ukuthi babenoJesu*.

¹²⁰ Leyo yinto esemqoka, mfowethu. Uma ungazi ikhofi kubhontshisi ohlukanisiwe; uma uyazi iNkosi uJesu Kristu, naMandla okuvuka kwaYo, Ngincamela ukuba nakho kunanoma yini enye. Yebo, mnumzane. O, he! Nkulunkulu, ngigxilise okwehange lapho!

Ngivumele ngiphumule ngaphansi
kweSihlahla,
Lapho umthombo ugeleza khona
ngokukhululeka,
Lapho iWundlu lingukukhanya,
Nomphefumulo wosindisiwe awufi neze.

¹²¹ Ake ngigxilise okwehange lapho! O, he, he! Ake ngihlale phansi ngaseSihlahleni esihlala siluhlaza, lapho lolu hambo lwempilo seluphelile. O!

Ungafisi izingcebo zalelizwe eziyize,
Ezibuthuka ngokushesha kangaka,
Funa ukuzuza lawo magugu aseZulwini,
Awasoze adlula!

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu
esingaguqukiyo!
Bambelela esandleni saKhe esingaguqukiyo!
(Kunjalo.)

Nxa loluhambo seluphelile,
Uma kuNkulunkulu ubuqotho,
Ikhaya lakho elihle nelikhanyayo
eNkazimulweni,
Umphefumulo wakho ovukwe amadlingozi
enjabulo uyolibona!

¹²² Ngobunye balobubusuku, noma ngokunye kwalokhukusa, noma ngolunye lwalezi zinsuku zasemini, umphefumulo wakho uzophuma emzimbeni wakho, njengezinyo likhishwa. Uhamba phezu kwezintambo ezigqashukayo ezingase zigqashuke noma nini. Kodwa ngikhathalela ini na? Wena ukhathalela ini na? Ngokuba Uyomphakamisa ngamaphiko aKhe aphakade. Uzombamba, uma lowomphefumulo uphuma lapha. Kuyoba khona Othile omi ekupheleni komgwaqo, he, he, ukumphakamisa nokumzongolozela ngezingalo zaKhe zangunaphakade, futhi amehlise esigodini sethunzi lokufa, ukumyisa ngaleya, engenaphutha futhi engenasici, ngaphambi kuBaba. Pho kungani singakhathazeka na? Singaba nendaba ngani ngalokho izwe elizokusho, noma yini *lokhu*, *lokho*, noma *okunye* na? Inqobo nje uma sinesandla sikaNkulunkulu esingaguquki kokwethu, yini esiyikhathalelayo na?

¹²³ Makuthi abantu, makuthi wonke umuntu, makuthi abesilisa nabesifazane, makuthi abantwana, makuthi wonke umuntu

lapha ongayazi iNkosi uJesu Kristu, anginike isizathu sokuthi kungani ungaMkhonzi. Nginike isizathu sokuthi kungani ungavumela lo Khisimusi udlule ngaphandle kokwamukela iNkosi uJesu Kristu. Yeka ukucabanga ngalento noma *leyonto*. Yeka ukucabanga ukuthi “noma ngabe ngifanele ngenze *lokhu* noma *lokho*?” Ngikubuza into eyodwa eqinile, ukholiwe yini eNkosini uJesu Kristu na?

¹²⁴ Uma ukholwa ngokweqiniso, ngizofakaza ngeBhayibheli ukuthi unokuPhila okungunaphakade futhi angeke ubhubhe. “Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade.” Ngenkathi uJesu Kristu ekhuluma lawomaZwi! Ngenkathi uPetru ewakhuluma, ngoSuku lwePhentekoste! Ngenkathi uJesu ewakhuluma, khona lapha kuJohane oNgcwele 5! Lapho bekhuluma, kulo lonke iBhayibheli!

¹²⁵ Umuntu uLisontile, futhi waLixubanisa, futhi wazama ukwenza *lokhu* ngaLo, nokwenza *lokhu*, ukukhuphula izinhlangano nakho konke. Abanye babo baye bathi, “Yebo, kholwani nje ukuthi Yena uyiNkosi uJesu Kristu, futhi ningene. Yilokho kuphela.” Uyalibona iqhinga likadeveli na? Omunye wathi, “O, mfowethu, sijabulile kakhulu, samemeza.” Uyalibona iqhinga likadeveli na? Omunye wathi, “Sakhuluma ngezilimi, futhi siyazi ukuthi sinaWo.” Uyalibona iqhinga likadeveli na? Lezozinto zilungile, kodwa noma kunjalo akusiye uKristu. Impela, wena unjalo.

¹²⁶ Lapho umuntu ngokwangempela, ekholwisisile eNkosini uJesu Kristu, yena unokuPhila okuphakade, umzuzu akholwa ngawo. Kunjalo, lapho ukholwa! Impilo yakho izosho lokho oyikho. Impilo yakho!

¹²⁷ Futhi lokho konke kuzokwenzeka. Zonke lezizinto, njengokumemeza, nokujabula, nokukhuluma ngezilimi, nokuphulukisa abagulayo, nazo zonke lezi ezinye iziphiwo, nezinto, ngeke kube njalo ngoba wena wenze lokho. Kuzokulandela, ngesibonakaliso seqiniso sikaNkulunkulu. Niyabo? O! “Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, nokulunga kwaKhe, ezinye izinto niyozenezelelwa.”

¹²⁸ Uma ngicabanga ngalomhlaba ohlulekayo! Futhi ngiyaqalaza futhi ngibone umbhalo wesandla odongeni, kuzo zonke izizwe! Ngiyawabona amabhomu e-atomu enza abantu baqhaqhazele, lapho ababusi abakhulu nezinto... Nifanele nifunde abakushoyo ePentagon, mayelana nalezi zinto ezizokwenzeka. Benifanele nibone ukuthi lesi sizwe... Mfowethu, ake ngikutshele okuthize, sibeka enkulu, ingaphambili eliqinile. Lapho, khona kanye emnyombweni walesisizwe, besabela ukufa. Niyakwazi. Usungahle uvele uvume iqiniso. Futhi unelungelo lokwesaba.

¹²⁹ Munye kuphela umuntu ongenalo ilungelo, nhlobo, lokwesaba, lowo yindoda noma owesifazane ozelwe ngoMoya

kaNkulunkulu. Ibhomu le-atomu liyithikithi elibophezeleke ezulwini ekholweni. Halleluya! Yebo, mnumzane. Ukufa angeke kukwenzele lutho kodwa . . . Ukufa okusheshayo kuyiNkazimulo esheshayo. Kunjalo.

Le ngubo ende yenyama ngizoyehlisa, futhi
ngivuke
Futhi ngibambe umklomelo wangunaphakade,
Futhi ngimemeze, lapho ngedlula emoyeni,
“Salani kahle, salani kahle, ihora elimnandi
lomkhuleko!”

¹³⁰ Kuhambile! Liyosho ukuthini ibhomu le-atomu kulaba abangcwele abadala abanekhanda elimpunga na? Insizwa nentombi futhi! Lizosho ukuthini ibhomu le-atomu kulawa makhaya, futhi bonke bahambile, cische, futhi asele lapha wodwa na? Wonke umndeni ndawonye futhi! Udumo kuNkulunkulu, mfowethu! Yini ongaba nayo enkulu kunaleyo na? Ngesi qiniseko esiphelele sokuthi inhliziyi yakho iphumule ngaleya eKalvari, ukuthi akukho lutho ezweni olungakushukumisa, likuguqule, likunyakazise!

¹³¹ Wena ukuKristu Jesu, ugxilise okwehange kude embusweni kaNkulunkulu, kuze kube usuku lokuHlengwa kwakho, ukuba ulethwe phambi kwaKhe ungenaphutha. Hhayi lokho okwenzile, “Uma—uma nje ngingakuyeka *lokhu*, futhi uma nje ngingakuyeka *lokho*.” Akuyona into oyenzile. Yilokho Akwenzela khona. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, ngawo wonke umphefumulo wakho, ngayo yonke ingqondo yakho na?

¹³² Ngenkathi uPetru ehamba, noma ngiqonde . . . uFiliphu, ngenkathi ezobhaphathiza umthenwa. Wathi, “Nanka amanzi, yini engivimbela ukuba ngibhaphathizwe na?” UPetru . . .

¹³³ UFiliphu wathi, “Linda umzuzu nje. Uma ukholwa ngenhliziyi yakho yonke, ngawo wonke umphefumulo wakho, ngayo yonke ingqondo yakho! Uma ukuKholwa!”

¹³⁴ Wathi, “Ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyi yami, umphefumulo, nengqondo, ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu.”

Wamisa inqola; wehlela emanzini, wambhaphathiza.

¹³⁵ Khona-ke uMoya oNgcwele wamhlwitha uFiliphu ebusweni bakhe, waze wangaba esabona. Futhi wamyisa emkhathini cishe amamayela angamakhulu amabili, futhi wamhlalisa phansi, futhi waqala imvuselelo futhi. Kunjalo. Kunjalo. O, he! Lowo Nkulunkulu owaphila ngalolosuku unguNkulunkulu ofanayo namuhla.

¹³⁶ Uma ngicabanga ngoPawulu phandle lapho emkhunjini ngalobobusuku; wonke amathemba ayengasekho, bayoke baphephe. Umkhumbi omncane omdala wawugcwele amanzi,

futhi wawusesimweni esibi kakhulu. Wonke amathemba, wonke umuntu, eselahlele ithawula. NoPawulu ehlezi phansi lapho emhubheni ngalobobusuku, mhlasiembe ekhuleka.

¹³⁷ INgelosi yeNkosi yeza kuye, yathi, “Ungesabi, Pawulu. Ungesabi, ngoba ngizokuletha phambi kukaKesari. Ufanele ufakaze lapho. Futhi ngikunika wonke umuntu ontweza kanye nawe.”

¹³⁸ Ngiyambona uPawulu egijima ekhuphukela lapho emkhunjini, futhi exhawula isandla sakhe esincane esidala, futhi ampongoloze, “Haleluya!” Empongoloza, “Anime kancane, bafowethu! Anime kancane nje!”

¹³⁹ Bathi, “E-o, enye indoda isike yahlanya kakhulu yaze yalahlekelwa umqondo wayo.” Nakho lapho ukhona. Futhi bonke oDokotela bobuNkulunkulu baphuma ukuzobona ukuthi kwakuyini indaba.

Wathi, “Yiba nesibindi! Yiba nesibindi!”

¹⁴⁰ Wathi, “Umfo bandla, useyahlanya lapho. Nakho-ke. Ubezila ukudla isikhathi eside kakhulu. Ukwenzile konke lokhu, futhi usethi akahambe manje.”

¹⁴¹ Wathi, “Yiba nesibindi! Ngokuba nakho bekumi ngakimi izolo ebusuku iNgelosi kaNkulunkulu, engiyinceku yaYo, ithi, ‘Ungesabi, Pawulu, kodwa umelwe ukulethwa phambi kukaKesari. Futhi, nakuba, uNkulunkulu ukunike bonke abantweza nawe.’” Wathi, “Nokho umkhumbi ufanele uphahlazeke esiqhingini esithize, ngokuba ngiwubone embonweni. Kodwa ngiyamkholwa uNkulunkulu, ukuthi kuyoba njengoba nje Engikhombise khona.” Futhi kwenzeka, izwi ngezwi ngezwi, impela nje. Kunjalo.

¹⁴² Manje, khona-ke ngifuna niqaphele okuthize okuncane, ukuze nikwazi ukubona ngakolunye uhlangothi, umbono wakho. Bukani. Lapho behlisa izikebhe futhi baqala ukushelela, UPawulu wathi, “Okuwukuphela kwendlela ongasindiswa ngayo ukuhlala kulesi sikebhe.” Wawufanele ukwenze ngokuka ISHO KANJE INKOSI. INkosi yayinikeze umbono, kodwa kwakufanele kwenziwe ngendlela yaYo. Futhi lapho . . .

¹⁴³ UNkulunkulu unikeza iphethini, lebandla likaMoya oNgewele, mfowethu, nokuthi ungayikhipha kanjani lento enxushunxushwini. Ungaba nokune okukhulu, namaphentagoni, nakho konke ofuna ukuba nakho; ungagcoba amabandla nabefundisi, futhi wenze isayense yezenkolo futhi ubafundise. Akusoze kwenziwa baze abantu babuyele futhi endleleni kaNkulunkulu yaPhakade, futhi bamukele umbhaphathizo kaMoya oNgewele; futhi baphume, beshumayela, ngezibonakaliso nezimangaliso ezihambisana nenkonzo yabo. Akusoze kwenziwa okungaphansi kwalokho. UNkulunkulu unohlalo, kodwa wena ufanele uze ohlelweni.

144 O Nkulunkulu, sisize, kulobubusuku! Mfowethu Neville! Sisize kulobubusuku ukukholwa lokho, ngumkhuleko wami.

145 “Ngokuba ayikho insindiso kwelinye igama, ngaphandle kweGama leNkosi uJesu.”

146 Manje, njengoba sisondele esikhathini sikaKhisimusi manje, futhi lapha izinto zihlotshiswe ngoSanta Claus esikhundleni sikaJesu. Abasakwazi ngisho nokulipela. “X-m-a-s.” Abapeli ngisho u “Kristu” ngoKhisimusi futhi. Babeke... Ngani, abantu abacabangi ngisho—ngisho ngokuzalwa nanoma yini, kukaKristu, ukuthi kungokwani ngempela. Into kuphela abayicabangayo, ngukuthi, uSanta Claus wathatha indawo yaYo. Futhi esikhundleni sokujabula ngaphansi koMoya kaNkulunkulu, bayaphuma futhi badakwe futhi bajabule. Niyabo? Yilokho okwenza umehluko.

147 Ngakho, empeleni, mfowethu, dadewethu, angikwazi ukukumisa lokho. Awukwazi ukukumisa. IZwi likaNkulunkulu lathi kuyoba ngaleyondlela. “Abantu bayoba abathandi benjabulo, ngaphezu kwabathandi bakaNkulunkulu.” Uzokwephula kanjani lokho na? “Ukuba nesimo sokumesaba uNkulunkulu.” Ngamunye wabo uya esontweni. Yebo, mnumzane. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika; wobagwema abanjalo.”

148 Ngijabule kakhulu kulobubusuku, mngane ongumKristu, ukuthi ngilapha nawe kulobubusuku. Ngijabule kakhulu ukuthi ngi—ngiye ngaba nenhlanhla yokukhuluma nawe, ngenhliziyo yami.

149 Futhi yonke inhliziyi yami isongwe kuloMlayezo. Ibilapho kusukela ngalo kanye usuku uNkulunkulu anginika ngalo umbhaphathizo kaMoya oNgewele, khona lapha eJeffersonville, e-Indiana, ngenkathi ngikholwa eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu, futhi ngaMemukela phandle lapha eshedeni elincane elidala, njengoMsindisi wami siqu. Futhi iNkosi yehlela phezu kwami ngalobobusuku, futhi yaphonsa ukuKhanya kulelokamelu. Futhi ngaLibuka, ngesaba kakhulu angikwazanga ngisho nokunyakaza. Waguqa esakeni elidala lotshani, ezansi lapho ku-Ohio Avenue. Futhi ngakubona lokho kuKhanya kubumba isiphambano, neNto ethize kulesosiphambano ikhuluma kimi. Kusukela ngalobo busuku, amathemba ami awakhelwe phezu kwalutho ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu, noJesu Kristu nokulunga. Yilapho engikholwa khona, ngayo yonke inhliziyi yami. Yekani, okuzayo, okungase kwenzeka; ithemba lami lisabambebelelise okwehambe khona lapho.

150 Futhi ngiyajabula, kulobubusuku, ukuhlala enkampanini efana nale, okholwa into efanayo, wemukele iNkosi uJesu Kristu efanayo.

Eminyakeni, ezingozini eziningi,
 ukukhandleka kanye nezingibe,
 Sengivele ngifikile;

Kungigugisile, kungiphulile, kungixebule phansi.

Kepha umusa ongilethe ngiphephile kuze kube
 manje,
 Umusa ozongi qhubekisa.

Futhi lapho sesibe lapho iminyaka
 eyizinkulungwane eziyishumi,
 Ukhazimula ukhanya njengelanga;
 Asiyikuba nezinsuku ezingaphansi ukucula
 indumiso kaNkulunkulu
 Kunehora esiqale ngalo.

¹⁵¹ Lapho uDaniyeli ebona umbono walokho, futhi wathi, “Noma benza okubi, bayakwenza okubi ngezinsuku zokugcina; kepha abamaziko uNkulunkulu wabo bayakwenza imisebenzi ngezinsuku zokugcina,” ekhuluma ngalesi sikhathi. Niyazi ukuthi i “misebenzi” kuyini na? Imisebenzi yokukholwa, zizokwenza izibonakaliso nezimanga. “Kodwa ababi basazoqhubeka benze okubi.” Wathi, “Bayogijima baye le nale, futhi ulwazi luyokwanda. Kodwa,” wathi, “vala iNcwadi, o, Daniyeli. Uyakulala esabelweni sakho, kepha uyakuma ngalolo suku lokugcina. Futhi labo abahlakaniphile bayobe-ke sebephendulela abaningi kuKristu. Bayakukhanya njengezinkanyezi zezulu, kuze kube phakade naphakade.”

¹⁵² Iminyaka engamashumi amane ingiphule ngaba yizicucu. Iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili mhlawumbe ikwephule waba yizicucu. Mhlawumbe iminyaka engamashumi amathathu yenze umuntu ohlukile kuwe, isikhashana nje *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaye umunwe wakhe—Umhl.]

¹⁵³ Kodwa wake wabuka inkanyezi yokusa lapho iphuma ekuseni na? Ingabe wake wavuka ekuseni futhi wayibuka ilenga ngaleya ezibhakabhakeni, lapho ibenyezela futhi imemeza, futhi ithokoza esibhakabhakeni na? Ayikaze ilahlekelwe ngisho nechashaza elilodwa lobuhle bayo. Ikhanya nje futhi inhle njengoba yayinjalo ngosuku Ayilengisa ngalo, uNkulunkulu wayilengisa emzileni wayo. Ayikaze ilahlekelwe noma yisiphi isikhathi sayo. Futhi kade ilapho ezinkulungwaneni eziphindwe kazinkulungwane zeminyaka, futhi ayikaze ilahlekelwe ubuhle bayo.

¹⁵⁴ Futhi iBhayibheli lithi, “Abaphendulela abaningi ekulungeni bayakukhanya badlule izinkanyezi, kuze kube phakade naphakade.” Haleluya! Mfowethu, kuyinto enhle ukuba umshumayeli, empeleni, akunjalo na? Yebo, kunjalo. Kuyinto enhle ukuba ngumKristu.

¹⁵⁵ Izikhathi zingase zibe nzima. UNkulunkulu akathembisanga umbhede wembali wokukhululeka, kodwa Uthembise umusa

owanele kukho konke ukuvivinywa okungakushaya. Kunjalo. Yebo, impela, umusa wanele. Hhayi ukuthi usembalini, umbhede wembali wokukhululeka, kodwa Wethembisa umusa wokunqoba kuzo zonke izilingo. Lapho isiphambano siba nzima, uKristu wathembisa ukuba nawe. Yebo, mnumzane.

¹⁵⁶ Ngolunye usuku olukhazimulayo, lapho konke sekuphelile, siyohlangana naYe ngokuthula. UNkulunkulu makaphe ukuthi nonke nizokwamukela into efanayo.

¹⁵⁷ Uma ekhona ongakholwayo lapha, kulobubusuku, kholwa eNkosini uJesu Kristu; futhi umzuzu okholwa ngawo, uNkulunkulu uzokunika ubufakazi bakho. Uzobeka uphawu eMbusweni waKhe kuze kube ngunaphakade. Uma kukhona okungqongqozayo enhliziyweni yakho, futhi uyakuzwa, futhi wenqaba ukukwamukela, uzoba yindoda nowesifazane elusizi uze uthi, “Yebo, Nkosi Jesu.”

¹⁵⁸ Futhi kwangathi wena, kuleliviki elizayo, lesisikhathi somkhosi kaKhisimusi, njengoba wonke umuntu ejabule futhi ecula, omunye komunye; kwangathi wena, ngezingalo... njengoSimeyoni wasendulo, lapho leso sikhathi esihle sikaKhisimusi, lapho ehla edabula ithempeli, nezingalo zakhe ezinamandla, o, waphakamisela uMsindisi ezingalweni zakhe futhi waMgona, wathi, “Nkosi, vumela inceku yaKho ihambe ngokuthula, ngokwezwi laKho, ngokuba amehlo ami abonile insindiso yaKho.” Sengathi wena, nezingalo zokukholwa, ngokufanayo, ngaloKhisimuzi, ungamgoni uSanta Claus, noma ungashintshisani ngesipho; kodwa sengathi ungamema futhi ugone enhliziyweni yakho, nezingalo zokukholwa, yona leyo Nkosi uJesu uSimeyoni ayeyiphethe ezingalweni zakhe eminyakeni edlule. Futhi Uzokubusisa futhi akunike ukuPhila okuPhakade. Futhi ungeke ubhubhe, ngoba unokuPhila kukaNkulunkulu kuwe.

¹⁵⁹ Wena uyazi lokho izwi... Ungangeni ezintweni zesiGrecki. Lokho kufanele kukhulunywe phakathi kwabantu abakhuluma izinto zesiGrecki. Asikhulumi izinto zesiGrecki lapha. Sikhuluma ngoJesu Kristu, kulelitabernakele. Asizi namagama akhukhumele lapha. Sifika lapha singazi lutho ngaphandle kwaMandla okuvuka kukaKristu. Kodwa lona kanye igama, igama lesiGrecki, lisho “ukuPhila okuPhakade.” Igama lesiGrecki elifanayo, ekuhunyushweni... Ngathola isiHeberu nesiGrecki, kokubili, futhi ngalifundisisa. Angisona isifundiswa kukho. Ngazi nje amagama ambalwa, into ethize nje ukuba ingisize. Lapho othile eqophisana, ngiyazi ukuthi ngingamqamula kanjani kukho. Kodwa lapho sekufika endaweni enjengalena, ukuthi lapho... Lelo gama lesiGrecki elifanayo elikhuluma ngokuPhila kukaNkulunkulu, likhuluma ngokuPhila okufanayo Akunika khona. Futhi kokubili, amagama esiGrecki, nokuPhila kukaNkulunkulu noma ukuPhila okuPhakade, kubizwa ngokuthi *Zoe*. Z-o-e, *Zoe*, “ukuPhila.”

¹⁶⁰ “Futhi bonke abeza kiMi, Ngiyobanika iZoe, ukuPhila kwaMi uQobo; Ngizobanika ukuPhila kwaMi uQobo, futhi abasoze babhubha. Futhi ngiyobavusa ngosuku lokugcina.” Ngamanye amazwi, “Wonke oza kiMi, Ngiyomgoqa kiMi.” Amen. “Futhi uyoba yingxenywe yaMi. Futhi angeke esafa njengoba Mina ngingafa, ngokuba Ngingongafiyo futhi angeke ngife, nomphefumulo wakhe awufi futhi angeke ufe. Futhi Ngiyomvusa futhi ngosuku lokugcina.” Mm! O, he!

¹⁶¹ Khona-ke lokho kusenza nje, lapho izivivinyo ezindala ziba nzima, sithi, “Kimi kuhlala uMoya kaNkulunkulu. Akukho okuhle phakathi lapha ngaphandle kwaKhe ophakathi lapho. Angiyena owami; ngingowaKhe. Angizibheki izinto zezwe. Ngibheka Yena, ngokuba amathemba ami akhelwe kuYe. Ngelinye ilanga ngiyakuMbona, futhi yilokho kuphela ebengikulangazelela. Engikuphilelayo, ngukuletha abantu kuYe.” Futhi ngiyanitshela, amaketanga amadala aqala ukuqathaka, futhi niqala ukuhamba kabusha, futhi.

¹⁶² UNkulunkulu anibusise. Ngethemba ukuthi niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke. Ngenkathi sisakhuleka:

¹⁶³ Baba waseZulwini, siyaKubonga, kulobubusuku, ngeGazi leNdodana yaKho elungileyo, iNkosi uJesu. NgiyaKubonga, kulobubusuku, ngoMoya oNgcwele, nokuvakasha kwaKhe khona lapha kulesisakhiwo, futhi ngisho khona lapha manje. Wona kanye uMoya, ngokweZwi likaNkulunkulu elingenaphutha futhi lingehluleke, uMoya ofanayo owavusa uJesu ethuneni, ukhona khona lapha phakathi kwethu manje.

¹⁶⁴ Nkulunkulu, kwangathi abantwana phakathi lapha, abangakwazi Wena, sengathi bangakwemukela, kulobubusuku, futhi bakholwe eNkosini uJesu Kristu, futhi babe nokuPhila okungunaphakade. Siphe khona. Kwangathi bangakholwa kukho ukuPhila okungunaphakade, ngalo kanye lelihora.

Phukukisa abagulayo nabahluphekile.

¹⁶⁵ Khumbula amakhaya ashonelwe, Nkosi. O Nkulunkulu, futhi ngimi ngakulawo mabhokisi, futhi mhlawumbe abesilisa nabesifazane abangasindisiwe. Ungathini na? Futhi wazi ukuthi iVangeli lishunyayelwe phezu kwabo ngqo, amakhulu ezikhathi namakhulu ezikhathi. O Baba, ngikhulekela ukuthi abesilisa nabesifazane lapha bazothola umbono, kulobubusuku, futhi baqonde ukuthi ngamunye wethu ungumuntu ofayo, futhi asazi ukuthi yisiphi isikhathi esingabizwa ngaso ukuba siphendule ngaleya ekwahlulelweni, nokulandisa ngalokho esikwenzile ngoJesu Kristu. Bese kuthi-ke udaba seluvaliwe, incwadi isivaliwe; ilele ivaliwe, futhi akukho okungenziwa. Sizehlulele ngokwethu ngokwahlulela Yena.

¹⁶⁶ Baba, o, hlola inhliziyi yami, kulobubusuku, Nkosi. “Ngihlale,” kwasho uDavide, “futhi ungivivinye.” Hhayi uDavide kuphela, kodwa ngisho into efanayo. Uma kukhona

indlela embi kimi, Nkosi, yisuse. Nkulunkulu, ungakuvumeli kuhlale isikhathi eside eduze kwami, Nkosi. Angikufuni. Angikufuni, Baba. Makuhambe.

¹⁶⁷ Hhayi okwami kuphela, kodwa okwabo bonke lababantu abalapha kulobubusuku, abangizwile ngishumayela, Baba. Ngiyakhuleka ukuthi uma kukhona noma yibuphi ububi, noma yisiphi isono, kulababantu lapha, ukuthi Uzosusa konke kubo, Nkosi. Ungakuvumeli ukuba kuhlale ngakulaba, abantwana baKho. Nkulunkulu, kugcine kude. Baphe umusa, ukuze banqobe kukho konke ukuvivinywa. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi iMbewu kaNkulunkulu, ephuma kuBhaskidi manje, ingamila ezinhliziyweni zabantu, futhi ikhulele ekuPhileni okuphakade. Lezi zibusiso sizicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

O, ngifuna ukuMbona, ngifuna ukubuka
ebusweni baKhe,
Lapho ukucula ingunaphakade ngomusa
waKhe osindisayo;
Ezitaladini zeNkazimulo mangiphakamise
iphimbo lami;
Lapho zonke izinkathazo sezedlule, ekhaya
ekugcineni, ngithokoze njalonjalo.

Lapho ngihamba kulelizwe, ngicula lapho
ngihamba,
Ngikhomba imiphefumulo eKalvari,
ekugelezeni kwaKho okubomvu,
O, imicibisholo eminingi igwaza umphefumulo
wami ngaphandle, ngaphakathi;
Kodwa iNkosi yami iyangihola, ngifanele
nginamathele kuYo.

O, ngifuna ukuMbona, ngibuke ubuso baKhe,
Lapho ukucula ingunaphakade ngomusa
waKhe osindisayo;
Ezitaladini zeNkazimulo mangiphakamise
iphimbo lami;
Iminako yonke isidlulile, sengisekhaya
ekugcineni, ukuba ngijabule njalo njalo.

¹⁶⁸ O, ngifuna ukucula, ezinye zalezizinsuku. Ngikholwa ukuthi iNkosi izongivumela ukuba ngicule, ezinye zalezizinsuku. Yebo. Lapho ngiwela uMfula, kunjalo, lapho ngiwela ngaphesheya. Mhlawumbe hhayi ngapha. Angikwazi ukucula. Kodwa uyazi ukuthi ilipho iculo engizolicula na?

Akukho lutho phakathi komphefumulo wami
noMsindisi,
Lutho lwaleli phupho lezwe elikhohlisayo:
ngilahlile yonke intokozo yesono,
UJesu ungowami, akukho lutho maphakathi.
(O, he!)

. . . phakathi komphfumulo wami noMsindisi,
Lutho lwaleli phupho lezwe elikhohlisayo:
ngilahlile yonke intokozo yesono,
UJesu ungowami, akukho lutho phakathi.

169 Bangaki abangacula lelo kulobubusuku, njengobufakazi bephakamise izandla zabo na?

Akukho lutho phakathi komphfumulo wami
noMsindisi,
Lutho lwaleli phupho lezwe elikhohlisayo:
ngilahlile yonke intokozo yesono,
UJesu ungowami, akukho lutho maphakathi.

170 Ingabe lokho akukwenzi uzizwe umangalisa na? “Lowo ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade. Akasoze eze ekulahlweni, kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

171 Silapha kulobubusuku, siphakamise izandla zethu, sicule, “Ngilahlile zonke izintokozo zesono. UJesu ungowami, akukho lutho maphakathi. Umsebenzi wami, bangane bami, abathandekayo bami, abantu bami, umkami, abantwana bami, noma yini ekhona phezu kwalomhlaba, noma ngabe kuyini, akukho lutho phakathi komphfumulo wami noMsindisi. UJesu ungowami, akukho lutho maphakathi. Zonke ezinye izinto zingezesibili.” Akumangalisi yini lokho na?

172 Okunye kwalokhu kusa, uma uzwa umuntu ecula “Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka,” lapho usuwelile ngaphesheya koMfula, niyazi.

173 Nifike ngaLeya futhi seniphendukele emuva ensizweni nentombi, nihlangana nabo bonke abafu benu Lapho, niyazi. Nabathandekayo benu, uyihlo nonyoko, nixhawulana nabo, nithi, “O, mama, kumnandi kakhulu ukukubona futhi. Awu, buka ngaleya, kuzoza uMfowethu John! Nakhu kuza uMfowethu Joe lapha! Awu, bheka lapha, asinaso isikhathi esihle!”

174 Futhi indlela ebuyela egqumeni, laphaya ndawondawo, uzwa othile ecula, “Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka, owasindisa olusizi njengami.” Gijima ukhuphuke esiqongweni segquma futhi ubuke ngale, ubona leyondlu encane yezingodo laphaya ekhoni, uMfowethu Branham uzobe emi phandle lapho ecula, “Umusa omangalisayo.”

175 Nithi, “Awu, udumo kuNkulunkulu! Ufikile eKhaya. Nakho la ekhona, ecula, *Umusa Omangalisayo.*” O, he!

Umusa omangalisayo! Umsindo omnandi
kangaka,
Owasindisa olusizi njengami!
Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
Ngangiyimpumpithe, kodwa manje ngi. . .
[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁷⁶ Kwakungomusa! Le ngaphambi kokuba umhlaba ubunjwe, uNkulunkulu ekhuluma neziDalwa zaKhe eziyiziNgelosi, wathi, “Ngizoba nomuntu othiwa uWilliam Branham eshumayela iVangeli.”

Ngumusa owafundisa inhliziyo yami
ukwesaba,

Ngumusa owakhulula ukwesaba kwami;
Wabonakala uyigugu kangakanani lowomusa
Ihora . . . (Manje ini na?) . . . wakholwa kuqala!

O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
Ngoba Wang'thanda kuqala.

Angisoze ngaMshiya,
Angisoze ngaMshiya,
Angisoze ngaMshiya,
Ngoba Wang'thanda kuqala.

NginoBaba laphaya,
NginoBaba laphaya,
NginoBaba laphaya,
Kolunye uGu.

O, ngolunye usuku olukhanyayo ngizohamba
ngihlangane naYe,
Ngolunye usuku olukhanyayo ngizohamba
ngihlangane naYe,
Ngolunye usuku olukhanyayo ngizohamba
ngihlangane naYe,
Kolunye uGu.

O, ngeke yini kube umhlangano ojabulisayo
lowo!
Ngeke yini kube umhlangano ojabulisayo
lowo!
Ngeke yini kube umhlangano ojabulisayo
lowo!
Phezu kolunye uGu.

Awu, lolo suku olukhanyayo lungaba kusasa,
Lolo suku olukhanyayo lungase lube kusasa,
Lolo suku olukhanyayo lungase lube kusasa,
Kolunye uGu.

¹⁷⁷ Ngeke yini kube ngokumangalisayo lokho na? Ngiyathanda “Baba.”

UBaba wami unothile ngezindlu namasimu,
Uphethe umcebo wezwe ngesandla saKhe!

Owamarubi namadayimane, owesiliva
negolide
Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo
engakhulumekiyo.

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

Itende noma ikotishi, kungani kufanele
ngikhathazeke na?

Bangakhela isigodlo Laphaya!
Nakuba ngidingisiwe ekhaya, kodwa
ngisakwazi ukucula:

O, udumo kuNkulunkulu, ngingumntwana
weNkosi!

Ngingumntwana weNkosi!
Ngingumntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

¹⁷⁸ Baba wethu waseZulwini, njengoba izinhliziyiyo zethu zinyakaziswa yilamahubo amadala alotshwa nguMoya oNgcwele, eminyakeni eminingi, eminingi edlule, ngenkathi abazalwane asebahamba, base bewubambile umbono. Siyabathanda, ngokuba basinika isisekelo esiqinile kulezi zikhathi ezinzima. Nkulunkulu, siphe, kulobubusuku, ukuthi sonke isono sizosuswa kithi manje. Njengoba singena esikhathini sikaKhisimuzi, susa isono, susa ukugula, Nkosi. Nkulunkulu, busisa abaswele kulobubusuku, yonke indawo. Ngokuba sicela eGameni likaJesu.

¹⁷⁹ Kunabantu manje abangathanda ukuthi shelele benyukele e-altare, ukuba bagcotshwe futhi bakhulekelwe. Ningeza sisahuba leli culo, *Mntwana WeNkosi*, futhi. Niyabo? Uma umi ngakulokuhlangothi . . .



IZENZO ZIKAMOYA ONGCWELE ZUL54-1219E
(Acts Of The Holy Spirit)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoDisemba 19, 1954, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org